

Ibhukwana Lezinyathelo Zokufundisa Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwa Uthisha

Shuter & Shooter
PIETERMARITZBURG • JOHANNESBURG • EAST LONDON • CAPE TOWN

Ababhali nabashicileli bayabonga ukunikwa imvume ngabanikazi bemisebenzi ukuba kusetshenziswe imisebenzi yabo kule ncwadi. Kwenziwa konke okusemandleni ukuthola bonke abanikazi bemisebenzi futhi abashicileli bangajabula ukuthola imininingwane engabasiza ukuze kulungiswe okusele nokungamaphutha uma incwadi isigaywa ngokulandelayo.



KUYICALA UKUFOTHOKHOPHA NOMA YILIPHI IKHASI KULE NCWADI NGAPHANDLE KWEMVUME EBHALWE PHANSI EVELA KUBASHICILELI

Shuter & Shooter Publishers (Pty) Ltd
Shuters Business Park, 45 Willowton Road, Willowton, Pietermaritzburg 3201, South Africa
PO Box 61, Mkondeni 3212, South Africa
http://www.shuters.co.za

Copyright © Shuter & Shooter Publishers (Pty) Ltd 2023

First edition 2023

OS1000825

This is an isiZulu reading series: Izinyathelo Zokufunda

Onke amalungelo agodliwe.
Akukho ngxenye yaleli bhuku engashicilelwa kabusha, igcinwe noma yenziwe esinye isimo, kungaba ngokufothokhopha, ukuqopha noma ngayiphi enye indlela ngaphandle kwemvume ebhalwe phansi yabashicileli. Lowo oyokwenza noma yini engagunyaziwe mayelana naleli bhuku uyobekwa icala noma ahlawuliswe kanzima.

Printed by Paarl Media *paarlmedia* , a division of Novus Holdings
xxxx

Uhlu lokuqukethwe

Isingeniso v

Imidlalo yama-Olimpiki 1

Sicula ushosholoza 11

Isasasa lemidlalo 21

Abasubathi baseMzansi 32

Imidlalo iyaqhubeka 43

Imidlalo Yesigodi 54

Isingeniso

Le incwajana eqondene ngqo nokusiza othisha ukuba bakwazi ukusebenzisa lolu chungechunge lwezincwadi **zesifundo sokufunda ngamaqembu** ezihlelwe ngokwamazinga okufunda. Kunezincwadi eziwuchungechunge oluluhlaza okwesibhakabhaka **ezisezingeni lesi-2** ezalaba bafundi **abasebangeni lesi-2**. Sizosiza othisha ngezifundo abazozilandela usuku nosuku ukusiza abafundi **abasebangeni lesi-2.** Enye yezimbangela eyenza kungaphumeleli ukufundisa ngamaqembu, ukungabi nesikhathi sokuhlela izifundo zesikhathi sokufunda ngamaqembu.

Nazi izinyathelo uthisha azozilandela uma enalezi zincwadi **ezisezingeni lesi-2.**

Isinyathelo sokuqala:

- Qiniseka ukuthi amaqembu uwathole ngokusebenzisa u -EGRA noma i-rubrikhi ukuwahlunga.
- Qikelela ukunikeza yilo nalowo mfundi ithuba lokuphendula noma ukufunda.
- Akekho umfundi okumele kuphele isikhathi engatholanga ithuba.

Isihloko: ‘Imidlalo yama-Olimpiki’ Izinga lesi-2

Ukulungiselela isifundo

Yiba nekhadi elinesihloko sencwadi.

Imidlalo yama-Olimpiki

Yiba nalawa makhadi amagama amasha namagama asetshenziswe kaningi.

Amagama amasha	Amagama asetshenziswe kaningi
uphuthuma	uNono
angangiphazamisi	uKuku
kuhefuzela	uBathathe
emini bebade	ethamele
akonakele	
ezisematheni	
isiphuzo	
ukwehlisa ukushisa	
imihla namalanga	
amadiye	
nguqhude manikiniki	

Esifundweni soku- 1

- **Xoxa** ngekhava yencwadi.
- **Buza,** “Nibonani? Kwenzekani? Kukuphi lapha uma ucabanga?
- **Buza,** “Ingabe kusedolobheni, esikoleni noma ekhaya? Usho ngani?”
- **Yethula** isihloko sencwadi: **‘Imidlalo yama Olimpiki’**
- **Babonise** ikhadi lesihloko:

Imidlalo yama-Olimpiki

- **Buza,** “Qagela izokhuluma ngani lendaba? Kungani usho kanjalo?”

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** “Le incwadi yokuqala kuleli zinga lesi -2, zikhona ezinye ezi-5 esizozifunda uma siqeda le.”

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** Yabhalwa abakwa- Shuter & Shooter Kwazulu Natal, incwadi yabhalwa ngo-2020 babonise nenombolo yencwadi i-ISBN.

Vula ikhasi 1

- **Buza,** “Ubani lo? Kukuphi lapha futhi wenzani?”
- **Babonise** amagama ‘**uthamele, uKuku**’ chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** “Ubani othanda ukuthamela ilanga? Ucabanga ukuthi uzokwenzani uKuku ekhasini elilandelayo?”

Vula ikhasi 2

- **Buza,** “Ingabe ubani manje lo? Uyaphi uma ucabanga?”
- **Babonise** amagama **‘uphuthuma, angangiphazamisi’** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 3

- **Buza,** “Wenzani manje uNono? Ingabe uthini kuKuku? Qagelani sekuzokwenzakalani?”
- **Babonise** amagama **‘kuhefuzela, emini bebade’** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 4

- **Buza,** “Kwenzakalani manje? Baxoxa ngani oNono noKuku?”
- **Babonise** amagama **‘akonakele, ezisematheni’** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 5

- **Buza,** “Obani laba abasendlini? Qagelani sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?”
- **Babonise** amagama **‘isiphuzo, ukwehlisa ukushisa’** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 6

- **Buza,** “Ingabe sebenzani manje oNono noKuku? Baxoxa ngani?”
- **Babonise** amagama **‘imihla namalanga, amadiye’** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 7

- **Buza,** “Ucanga ukuthi wenzani manje uNono? Ingabe uyadansa noma uyakhahlela? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?”
- **Babonise** amagama **‘kuyobe kunguqhede manikiniki, enhlobonhlobo’** chaza kusho ukuthini.
- **Yisho,** “Sizogcina la namhlanje siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo.”

Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
uphuthuma	Ukushesha
angangiphazamisi	Kufike umuntu akukhulumise ukade uzithulele
kuhefuzela	Ukuphefumulela phezulu
emini bebade	Kukhanya ubona yonke into
akonakele	Konke kuhamba kahle
ezisematheni	Into okuxoxwa ngayo kakhulu
isiphuzo	Into yokuphuza
ukwehlisa ukushisa	Ukuphuza into ebandayo uma kushisa kakhulu

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
imihla namalanga	Njalonjalo/ nsukuzonke
amadiye	Izilwanyane ezidliwa izinkukhu
nguqhude manikiniki	Ukuqhudelana nifuna ukuwina

Esifundweni -2

- Bakhumbuze ngesihloko sencwadi '**Imidlalo yama-Olimpiki'.**
- **Buza,** "Konje bekwenzakalani la sigcine khona?"
- **Babonise** la nagcina khona.

Vula ikhasi 6 ne-7

- **Buza,** "Ubenzani uNono lapha? Ingabe ubedansa noma ubekhahlela? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi-8 no 9

- **Buza,** "Lusho ukuthini lolu phawu olungenhla kukaKuku? Ingabe ubuza ini uKuku kuNono? Uma ucabanga isihloko, ingabe uNono ufuna ukungenela imidlalo yama-Olimpiki na?"
- **Babonise** igama '**isimanga, wangimangaza'** chaza kusho ukuthini.
- **Babonise** uphawu **'?'** umbuzi, chaza usebenza kanjani.

Vula ikhasi- 10 ne-11

- **Buza,** "Nalu futhi uphawu umbuzi, ingabe ubuzani futhi uKuku? Ingabe usabuza ngemidlalo yama- Olimpiki? Uphetheni uChwane futhi uyisaphi?"
- **Babonise** igama **'esadidekile'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi- 12 ne- 13

- **Buza,** "Kwenzakalani manje? Olwani lolu phawu olungenhla kukaNono? Wake walubona kuphi? Ucabanga ukuthi baxoxa ngani uKuku noNono?
- **Babonise** amagama '**izifundazwe, ukuzoqhudelana, kusobala, bekhethelo'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi- 14 no 15

- **Buza**, "Kwenzekani lapha? Benzani abangani? Ingabe sebelungiselela imidlalo yama-Olimpiki?"
- **Babonise** amagama **'abasubathi, ababhukudayo'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo? Uphi uBathathe?"

Vula ikhasi 16 no -17

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi bayaphi manje oNono noKuku? Ingabe baya kuBathathe, qagela bazothini kuye? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama '**iqoqo, ziphephezelisa, sezimanzi te'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 18 no -19

- **Buza,** "Ingabe zithini lezi zingane uma ucabanga uma ubona lelifulegi laseNingizimu Afrika? Ucabanga ukuthi ingabe bayacula noma bayamemeza? Ingabe wenzani manje uNono? Ingabe udansela iculo lezingane?"
- **Babonise** amagama '**ecasukile, sebeyathatheka'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 20 no -21

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Ingabe sebeyacula yini nabo oNono noKuku? Abangani sebehlangene bobathathu, ingabe uzoyithanda yini imidlalo uBathathe?"
- **Babonise** amagama **'bacathama, ishosholoza'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Yisho, "Siyoqhubeka ngesikhathi esizayo sizwe ukuthi indaba yaphela kanjani."
Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
esedidekile	Engaqondi into ethile
isimanga	Into emangalisayo
wangimangaza	Ukwenza into engajwayelekile
izifundazwe	Indawo ehlala abantu besizwe esifanayo
ukuzoqhudelana	Ukudlala imidlalo kube khona ozowina
kusobala	Kuyacaca
abasubathi	Abantu abagijimayo
ababhukudayo	Abadlala emanzini asedamini
iqoqo	Abantu abame ndawonye

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
ziphephezelisa	Ukuhambisa into emoyeni bese iphephethwa umoya
sezimanzi te	Zimanzi kakhulu
ecasukile	Ephatheke kabi
sebeyathatheka	Sebeyalandela okwenziwayo
bacathama	Bahamba kancane ukuze bangababoni
ishosholoza	Into egijima kakhulu

Esifundweni sesi-3

- **Sekufundwa** incwadi namuhla.
- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'Imidlalo yama-Olimpiki'**.
- Bafundele isihloko sencwadi.

Vula ikhasi-1

- Bafundele imisho emi-2.
- **Buza,** "Ukwenzani ukuthamela ilanga. Ucabanga ukuthi baphi abangani bakhe? Ucabanga ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi -2

- **Akufunde omunye umfundi imisho emibili.**
- **Buza,** "Ingabe ubuza bani uKuku? Ingabe uyazicabangela yini?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi angamphazamisa kanjani?"

Vula ikhasi -3

- **Akufunde omunye umfundi imisho emibili.**
- **Buza**, "Kusho ukuthini ukuhefuzela?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Kusho ukuthini ukuthi **'emini bebade'**?

Vula ikhasi -4

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza**, "Umuntu onjani umva kwezinye?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Izindaba ezinjani ezisematheni?"

Vula ikhasi -5

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza**, "Ingabe ubani omemeza uChwane?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ukwehlisa kanjani ukushisa ngesiphuzo? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi-6

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Yini indaba ecishe ewa uNono?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Mdlalo muni abahlale bewudlala imihla namalanga? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 7

- **Akufunde omunye umfundi umusho emi-2.**
- **Buza**, "Iziphi lezi zindaba ezinkulu abakhuluma ngazo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Kusho ukuthini ukuthi 'qhude manikiniki'? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"


Basize ngesu leminwe emihlanu uma behlangana negama abangalazi



Isithupha – Shiya igama ongalazi bese ufunda umusho wonke.




Umunwe wokukhomba – Buka isithombe kanye nesihloko.



Umunwe ophakathi – Zibuze; ikhona ingxenye yegama ongakwazi ukuyifunda.



Umunwe wendandatho – Phimisa igama ngokwemisindo.



Ucikicane – Buza uthisha wakho ukuthi igama lisho ukuthini.

Esifundweni sesi-4

Bakhumbuze isihloko sencwadi **'Imidlalo yama-Olimpiki'** nesu leminwe emihlanu.

Vula ikhasi 7

- **Buza,** "Sigcine kwenzakalani? Bebexoxa ngani oKuku noNono? Qagelani ukuthi sekuzokwenzekani manje?"

Vula ikhasi 8

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza**, "Yini eyayidida uKuku?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho olandelayo.**
- **Buza**, "Ingabe iyiphi lemisebenzi uKuku anayo? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 9

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza**, "Yini emangaza uNono?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Imidlalo enjani imidlalo yama-Olimpiki? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 10

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini emi-3.**
- **Buza,** "Yini le esadide uKuku?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Qagela ukuthi uzobafundisa yiphi imidlalo uNono?"

Vula ikhasi 11

- **Akufunde omunye umfundi umusho o-1.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukwehlisa ukushisa?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho olandelayo.**
- **Buza,** "UChwane uyakwazi ukugijima noma ukwazi ukundiza?"
- **Yisho,** "Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo sizwe ukuthi bayoyingenela yini imidlalo yama-Olimpiki."

Basize ngokukwazi ukuphendula imibuzo mayelana nendaba.

Umsebenzi

Qondanisa imibuzo nezimpendulo ezifanele.

Imibizo	Izimpendulo
Sithini isihloko sendaba?	UNono
Sithini isisusa sendaba?	Ngenkathi eyadlula
Ubani umlingiswa osemqoka?	Sithi 'Imidlalo yama-Olimpiki'
Yenzeka nini lendaba?	UNono wayefuna bangenele imidlalo yama-Olimpiki

Esifundweni sesi-5

Bakhumbuze isihloko sencwadi **'Imidlalo yama-Olimpiki'** nesu leminwe emihlanu.

Vula ikhasi 11

- **Buza,** "Sigcine kwenzakalani? Babekhuluma ngani oNono noKuku? Qagelani ukuthi sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 12

- Bafundele imisho emi-2.
- **Buza**, "Yini imidlalo yama-Olimpiki? Yenzeke nini?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuqhudelana? Ucabanga ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 13

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Ingabe ubatshaziswa yini uNono?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe usejabuliswa yini uKuku manje?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Abanjani abadlali bekhethelo? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 14

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi imiphi lemidlalo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Wachaza wathi imiphi imidlalo ezoba khona uNono?"

Vula ikhasi 15

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukumema umuntu?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Yini umusubathi? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 16

- **Akufunde omunye umfundi umusho 1.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi uzoyijabulela yini lemidlalo uBathathe?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Abanjani abasubathi bangempela? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 17

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Ingabe sekwenzenjani, ziculelani izingane?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe zimanziswa yini izingane? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 18

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-5.**
- **Buza,** "Ukwenzani ukubanga umsindo?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe babemphazamisa kuphi uKuku? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**

Vula ikhasi 19

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Ingabe ulazelaphi uNono leli culo labo?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Kusho ukuthi ukuthatheka? Yini eyenza bathatheke? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 20

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Kungani becathama manje?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Uyalazi wena leli culo elithi shosholoza? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 21

- **Akufunde omunye umfundi umusho 1.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukulibangisa kuBathathe?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Ubani okwazi ukucula leli culo? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho,** "Ake nilicule leli culo."

Vula ikhasi 22

- **Akufunde omunye umfundi umusho 1.**
- **Buza,** "Wena wawuhamba yini nabo ucule iculo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe eyani lenjabulo engaka?"
- **Yisho,** "Sizogcina la namuhla. Siyoqhubeka ngesikhathi esizayo sidlale umdlalo ngendaba."

Basize abafundi bakwazi ukuphendula imibuzo yesifundo sokuqondisisa.

Umsebenzi

Qondanisa imibuzo nezimpendulo ezifanele.

Imibizo	Izimpendulo
Imidlalo yani ekhona lapha?	Shosholoza
Ubani owayecasukile?	Imidlalo yama-Olimpiki
Lithini iculo abaliculayo?	Abantu abaningi kakhulu
Yini eyayiphephezela?	Ubathathe
Kuyini isixuku sabantu?	Ifulegi

Esifundweni sesi-6

Bakhumbuze isihloko sendaba kanye nokulandelana kwezigameko.

- **Yisho,** "Namuhla kudlalwa umdlalo ngendaba."
- **Buza**, "Obani abazoba abalingiswa?" UNono, uKuku, noBathathe nochwane.
- **Buza,** "Ubani ozoba izingane ezazicula iculo shosholoza?"
- **Buza,** "Ubani ozoba abantu abalandela izingane ezazicula?"
- **Buza**, "Ubani ozoxoxa indaba?"
- **Yisho,** "Abanye basiza abalingiswa."

Awuqaleke umdlalo. Basize uma bengasakhumbuli ukulandelana kwezigameko.

Umsebenzi

Phendula imibuzo elandelayo.

Imibuzo	Izimpendulo
Ubani umlingiswa osemqoka?	
Sifundo sini esisithola kulendaba?	
Obani abanye abalingiswa?	
Kwakungeyani imidlalo eyayizoba khona?	
Yini isiphetho sendaba?	
Sithini isihloko sendaba?	

Isihloko sencwadi ‘Sicula ushosholoza?’ Izinga lesi-2

Ukulungiselela isifundo

Yiba nekhadi elinesihloko sencwadi.

Sicula ushosholoza

Yiba nalawa makhadi amagama amasha namagama asetshenzisiwe kaningi.

Amagama amasha	Amagama asetshenziswe kaningi
iphephandaba	uNono
ukwazi kabanzi	uKuku
wacasuka	uBathathe
waphazamiseka	
wayolunguza	
waliphenya	
isiphuzo	
ukwehlisa ukushisa	
behla benyuka	
wayethukuthele egane unwabu	
wama nse	
agiye	
ningihlasele	
ngizipholele	
beziqhenya	
ihlobene	
ukwehlisa umoya	
izihlabani	
ngokushitshana	
emqhudelwaneni	
kokuhilizisana	
yokungezwani	
umlando	
ndawonye	

Esifundweni soku- 1

- **Xoxa** ngekhava yencwadi.
- **Buza,** "Nibonani? Kwenzekani? Ingabe ubani lo ophethe ifulegi? Nisayikhumbula incwadi yokuqala esiyifundile?"
- **Yethula** isihloko sencwadi: **'Sicula ushosholoza'.**
- **Babonise ikhadi lesihloko:**

Sicula ushosholoza

- **Buza,** "Qagela izokhuluma ngani lendaba? Kungani usho kanjalo?"

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** "Le incwadi yesibili kuleli zezinga lesi -2, zikhona ezinye ezi-4 esizozifunda uma siqeda le."

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** Yabhalwa abakwa- Shuter & Shooter Kwazulu Natal, incwadi yabhalwa ngo-2020 babonise nenombolo yencwadi i-ISBN.

Vula ikhasi 1

- **Buza,** "Ubani lo? Ingabe ufundani futhi ufunda ngani?"
- **Babonise** amagama '**iphephandaba, ukwazi kabanzi, kwezezemfundo'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Ubani othanda ukufunda izindaba? Ucabanga ukuthi sekuzokwenzani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 2

- **Buza,** "Zithini izindaba ezifundwa uBathathe?"
- **Babonise** amagama **'wacasuka, waphazamiseka'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 3

- **Buza,** "Uyekelani manje uBathathe ukufunda? Ingabe bakhona abamphazamisile? Qagelani sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama **'ecasukile, obanga umsindo'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 4

- **Buza,** "Wenzani manje uBathathe? Ingabe ulunguzani?"
- **Babonise** amagama **'wayolunguza, waliphenya'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 5

- **Buza,** "Ubonani uBathathe lapha ngaphandle? Ubani ophephezelisa ifulegi? Qagelani sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama **'isiphuzo, ukwehlisa ukushisa'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 6

- **Buza,** "Ingabe uBathathe useyaphuma yini endlini? Ucabanga ukuthi uzohamba nabo yini?"
- **Babonise** amagama **'behla benyuka'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 7

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi uyaphi manje uBathathe? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama **'wayethukuthele egane unwabu'** chaza kusho ukuthini.
- **Yisho,** "Sizogcina la namhlanje siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo."

Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
iphephandaba	Iphepha elibhalwe izindaba ezenzekayo ezweni
ukwazi kabanzi	Ulwazi oluningi
wacasuka	ukudineka
waphazamiseka	Uma wenza into bese kuba nomsindo
wayolunguza	ukubheka
waliphenya	walivula
isiphuzo	Into ephuzwayo
ukwehlisa ukushisa	Ukuphuza into ebandayo uma uzwa ukushisa
behla benyuka	Ukuhamba uye ezansi uphinde uye enhla
wayethukuthele egane unwabu	Ukucasuka kakhulu

Esifundweni -2

- Bakhumbuze ngesihloko sencwadi '**Sicula uShosholoza**'
- **Buza,** "Konje bekwenzakalani la sigcine khona?"
- **Babonise** la nagcina khona.

Vula ikhasi 6 ne-7

- **Buza,** "Ubenzani uBathathe lapha? Ingabe ubelandela oNono? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi-8

- **Buza,** "Hayi bo! Uphetheni uKuku? iNgabe uzomuzwa uBathathe uma ekhuluma? Uma ucabanga isihloko, ingabe uBathathe ucula iculo elithini?"
- **Babonise** igama '**ivuvuzela, evuthela**' chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi-9

- **Buza,** "Hayi bo! Uphetheni uNono? Wagijima kangaka uNono ingabe uyaphi? Uma ucabanga isihloko, ingabe uNono ucula iculo elithini?"
- **Babonise** amagama '**Sekunesixuku, ngesivinini**' chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi- 10

- **Buza,** "Nali ifulegi, ingabe basacula namanje? Konje lithini iculo abaliculayo?"
- **Babonise** igama '**owayexakekile**' chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi- 11

- **Buza,** "Yini indaba uBathathe ephonsa phezu iphephandaba? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama '**ethetha, omnakile**', chaza kusho ukuthini.

Ikhasi- 12

- **Buza**, "Kwenzekani lapha? Ingabe uthini uBathathe? Yini manje oNono noKuku sebebeke phansi ifulegi nevuvuzela? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama '**wama nse, agiye**' chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 13

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi uthini uBathathe kuNono noKuku? Ingabe uyathetha yini uBathathe? Qagela bazothini oKuku noNono? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama '**ukuzisola, nginikhuza**' chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 14

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi uthini uBathathe kuNono? Ingabe ujabulile uNono? Ingabe udansela iculo lezingane?"
- **Babonise** amagama '**ningihlasele, ngizipholele**' chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 15

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Ingabe sebeyezwana yini uBathathe noNono kanye noKuku? Ingabe bamchazela ngani uBathathe?"
- **Babonise** amagama '**ukwehlisa umoya, izihlabani**' chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 16

- **Buza,** "Bheka uBathathe, ingabe ujabulile noma udidekile? Usho ngani? Ingabe ubazwile yini uma bemchazela uBathathe?"
- **Babonise** uphawu '?' umbuzi, chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 17

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Ingabe bakhuluma ngani uNono kanye noKuku? Ingabe bamchazela ngani uBathathe?"
- **Babonise** amagama '**beziqhenya, elihlobene**' chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 18

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Ingabe sebeyezwana yini uBathathe noNono kanye noKuku? Ingabe bamchazela ngani uBathathe?"
- **Babonise** amagama '**ngokushitshana, emqhudelwaneni**' chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini

elilandelayo?”

Vula ikhasi 19

- **Buza,** “Kwenzekani manje? Ingabe kukuphi la? Ingabe indlu? Ingabe ujabulile manje uBathathe noma cha?”
- **Buza,** “Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?”

Vula ikhasi 20

- **Buza,** “Kwenzekani manje? Ingabe sebeyezwana yini uBathathe noNono kanye noKuku? Ingabe ubapha ini uBathathe?”
- **Babonise** amagama **‘kokuhilizisana, yokungezwani’** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** “Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?”

Vula ikhasi 21

- **Buza,** “Kwenzekani manje? Ingabe sebejabulile manje uBathathe noNono kanye noKuku? Ingabe bayajabula yini manje?”
- **Babonise** amagama **‘umlando, ndawonye’** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** “Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?”

Yisho, “Siyoqhubeka ngesikhathi esizayo sizwe ukuthi indaba yaphela kanjani.”

Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
wama nse	Ukuyeka yonke into oyenzayo
agiye	Ukujabula ugide
ningihlasele	Ukuya emzini womuntu ungalindelwe
ngizipholele	Ukuphumula endaweni engashisi
beziqhenya	ukubukisa
ukwehlisa umoya	Ukuthula ungathethi uma uphatheke kabi
izihlabani	Abantu abawinile
ngokushitshana	Ukuba nesikhathi somuntu ngamunye
emqhudelwaneni	umcintiswano
kokuhilizisana	ukuxabana
yokungezwani	ukuxabana
umlando	Ingemuva lezinto ezake zenzeka
ndawonye	Ukuba sendaweni eyodwa

Esifundweni sesi-3

- **Kufundwa** incwadi namuhla.
- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'Sicula uShosholoza'.**
- **Bafundele** isihloko sencwadi.

Vula ikhasi-1

- Bafundele imisho emi-2.
- **Buza,** "Kuyini iphephandaba? Ingabe wayefunda ngani kuleli phepha? Ucabanga ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 2

- **Akufunde omunye umfundi imisho emibili.**
- **Buza,** "Ubani ozwa umsindo ngaphandle? Ucabanga ukuthi umsindo wani?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi uligoqelani iphephandaba manje?"

Vula ikhasi 3

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Yini ecasula uBathathe?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ingabe uyamazi yini umuntu obanga umsindo?
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Yini le eyenza ukuthi angabe esakwazi ukufunda iphepha? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 4

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Qagela kwakwenzakalani uma ucabanga isihloko sencwadi?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ingabe uzothini uma ethola ukuthi abangani bakhe oKuku noNono?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Qagela ukuthi yini eyayenzeka ngaphandle?"

Vula ikhasi 5

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi lalithini iculo ababelicula?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Yini kumthusa ukuthi abangani bakhe laba abamphazamisayo?"

Vula ikhasi 6

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Ingabe ubabaziswa yini uBathathe? Ukwenzani ukwehla wenyuka?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ingabe uzothini uBathathe kubangani bakhe? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"


Vula ikhasi 7

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Wayethethelani uBathathe?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ukwenzani ukubanga umsindo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Kusho ukuthi ukuthukuthela ugane unwabu? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"


Basize ngesu leminwe emihlanu uma behlangana negama abangalazi:



Isithupha – Shiya igama ongalazi bese ufunda umusho wonke.




Umunwe wokukhomba – Buka isithombe kanye nesihloko.



Umunwe ophakathi – Zibuze; ikhona ingxenye yegama ongakwazi ukuyifunda.



Umunwe wendandatho – Phimisa igama ngokwemisindo.



Ucikicane – Buza uthisha wakho ukuthi igama lisho ukuthini.

- Bakhumbuze isihloko sencwadi **'Sicula uShosholoza'** nesu leminwe emihlanu.

Vula ikhasi 7

- **Buza,** "Sigcine kwenzakalani? Wayethukutheleleni uBathathe egane unwabu? Qagelani ukuthi sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 8

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Ingabe uyawazi umsindo owenziwa ivuvuzela? Ake uwenze sizwe."
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ingabe kwenzenjani njengoba bedansa nezingane uKuku?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Kusho ukuthini ukuvuthela ivuvuzela? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 9

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Ukugijima kanjani ukugijima ngesivinini?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Kuyini isixuku? Sasenzani isixuku sezingane? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 10

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Wayenzani uNono?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza, "Lalithini leli culo elithandekayo?"**
- **Akufunde omunye umfundi imisho emibili elandelayo.**
- **Buza**, "Yini eyayixake uBaththe yedwa?"

Vula ikhasi 11

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Ubani lo ongasakwazi ukufunda iphephandaba lakhe?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Uthethelani manje uBathathe? Wayeliphonselani phezulu iphepha lakhe?"
- **Yisho,** "Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo sizwe ukuthi bayoyingenela yini imidlalo yama-Olimpiki."

Basize bakwazi ukuphendula imibuzo emayelana nendaba.

Umsebenzi

Qondanisa imibuzo nezimpendulo ezifanele.

Imibizo	Izimpendulo
Sithini isihloko sendaba?	Ngenkathi eyadlula
Sithini isisusa sendaba?	UBathathe
Ubani umlingiswa osemqoka?	Babejabulele imidlalo yama-Olimpiki.
Yenzeka nini lendaba?	Sithi 'Sicula uShosholoza'

Esifundweni se-5

- Bakhumbuze isihloko sencwadi **'Sicula uShosholoza'** nesu leminwe emihlanu.

Vula ikhasi 11

- **Buza,** "Sigcine kwenzakalani? Wayeliphonselani iphepha phezulu? Qagelani ukuthi sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 12

- **Bafundele** imisho emi-2.
- **Buza**, "Yini ulaka? Ingabe babecabanga ukuthi uzokwenzenjani uBathathe?"
- **Buza,** "Kungani uKuku eyeka ukufutha ivuvuzela? Ucabanga ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Kwenzenjani manje? Umelani uNono?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ingabe babalekelani abantwana?"

Vula ikhasi 13

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Ingabe yini ezisola uKuku?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ubebakhuza ukuthini uBathathe?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Uthetha uthini uBathathe? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 14

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi babejabuliswe yini oNono?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Wayethuswa yini uNono?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukubhoka?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ukwenzani ukuhlasela? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 15

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Yini eyayibajabulisa beze bebanga umsindo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukwehlisa umoya?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kuyini izifundazwe?"
- **Bakhumbuze** igama **'izifundazwe'.**
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Uthetha uthini uBathathe?
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kuyini izihlabani? Zizobe zihlangane leni izihlabani?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Yini ebajabulisayo oNono noKuku? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 16

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Ingabe yini edida uBathathe?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Babekhuluma ngani kanti oNono?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Yini ayeqala ukuyizwa uBathathe?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe yini umsebenzi weqembu lesifunda? Yini iqembu lezwe lakithi? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 17

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Yini ama-Olimpiki?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Wena ingabe uyaziqhenya ngeqembu lesizwe?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**

- **Buza,** "Wayelindele ukuthi bamchazele ukuthini oNono noKuku? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 18

- **Akufunde omunye umfundi** umusho owodwa.
- **Buza,** "Ukukhuluma kanjani ukhuluma ngokushitshana?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**
- **Buza,** "Limele siphi isifundazwe iqembu lama-Olimpiki? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 19

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Ingabe akasadidekile yini uBathathe?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Yini eyayijabulise uBathathe?" Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 20

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Yini abalethela yona uBathathe?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe babehilizisane ngani? Kungani babehilizisana?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Yini ebonisa ukuthi isidlulile indaba yokuhilizisana kwabo? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 21

- **Akufunde omunye umfundi umusho 1.**
- **Buza,** "Kuyini umlando? Wayefuna bawubuke kanjani lomdlalo uBathathe?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Cebo lini elihle elashiwo uBathathe? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo? Ingabe izophela kanjani indaba?"

Vula ikhasi 22

- **Akufunde omunye umfundi umusho 1.**
- **Buza,** "Yini eyayibakhathazile?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe babejabuliswe yini?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kungani bejahe ukuthi kuse?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kwakuyini umkhuba wabo omuhle?"
- **Yisho,** "Sizogcina la namuhla. Siyoqhubeka ngesikhathi esizayo sidlale umdlalo ngendaba."

Basize abafundi bakwazi ukuphendula imibuzo yesifundo sokuqondisisa.

Umsebenzi

Phendula imibuzo emayelana nendaba.

Imibizo	Izimpendulo
Wayecula iculo elithini uNono?	
Benzenjani abantu uma bezwa kuculwa?	
Mingaki imibala yefulegi? Ibale.	
Wayexakwe yini uBathathe?	
Abantu babeshayani ngenkathi becula?	

Esifundweni sesi-6

Bakhumbuze isihloko sendaba kanye nokulandelana kwezigameko.

- **Yisho,** "Namuhla kudlalwa umdlalo ngendaba."
- **Buza,** "Obani abazoba abalingiswa, uNono, uKuku, noBathathe?"
- **Buza,** "Ubani ozoba izingane ezazicula iculo shosholoza?"
- **Buza,** "Ubani ozoba abantu abalandela izingane ezazicula?"
- **Buza,** "Ubani ozoxoxa indaba?"
- **Yisho,** "Abanye basiza abalingiswa."

Awuqaleke umdlalo. Basize uma bengasakhumbuli ukulandelana kwezigameko.

Umsebenzi

Phendula imibuzo elandelayo.

Imibuzo	Izimpendulo
Ubani umlingiswa osemqoka?	
Sifundo sini esisithola kulendaba?	
Obani abanye abalingiswa?	
Yini isisusa sendaba?	
Yini isiphetho sendaba?	
Sithini isihloko sendaba?	

Isihloko sencwadi ‘Isasasa lemidlalo’ Izinga lesi-2

Ukulungiselela isifundo

Yiba nekhadi elinesihloko sencwadi.



Yiba nalawa makhadi amagama amasha namagama asetshenziswe kaningi.

Amagama amasha	Amagama asetshenziswe kaningi
kwakuwubutatata	uNono
sampela	uKuku
umphako	uBathathe
ezifihle	uChwane
ukukhonze	abantwana
umacashelana	isasasa
isasasa	lemidlalo
akanake	ibhola
bajabule badelile	amavuvuzela
injabulo nesasasa kwakubhalwe ebusweni	
badudula	
amazwe	
zaseMzansi	
laseNingizimu	
qalaza	
beqe	
etatazela	
egcekeni	
esiphuzi	

Esifundweni 1

- **Xoxa** ngekhava yencwadi.
- **Buza,** "Nibonani? Kwenzekani? Ingabe ubani lo ophethe amavuvuzela? Nisayikhumbula incwadi yesibili esiyifundile? Ubani owayeshaya ivuvuzela futhi kwakwenzenjani?"
- **Chaza,** "Lencwadi iyaqhubeka kule yesibili esiyifundile."
- **Yethula** isihloko sencwadi: **'Isasasa lemidlalo'.**
- **Babonise** ikhadi lesihloko:

Isasasa lemidlalo

- **Buza,** "Qagela izokhuluma ngani lencwadi? Kungani usho kanjalo?"

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** "Le incwadi yesi-3 kuleli zinga lesi -2, zikhona ezinye ezi-3 esizozifunda uma siqeda le."

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** "Yabhalwa abakwa- Shuter & Shooter Kwazulu Natal, incwadi yabhalwa ngo-2020 babonise nenombolo yencwadi i-ISBN."

Vula ikhasi 1

- **Buza,** "Kwenzakalani la? Ingabe kuyavukwa noma sekuyalalwa? Ingabe uthini uKuku"
- **Babonise** igama '**kwakuwubutatata'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Ubani othanda ukuvuka ekuseni? Ucabanga ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 2

- **Buza,** "Obani laba? Izingane zikabani lezi? Wenzani uChwane ngaphansi kombhede uma ucabanga? Ingabe usamkhumbula uChwane ezincwadini owake wazifunda?"
- **Babonise** amagama **'sampela, uChwane, uKuku'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 3

- **Buza,** "Obani laba? Izingane zikabani lezi? Ingabe uthini uNono uma ucabanga? Ingabe usalikhumbula igama lengane kaNono ezincwadini owake wazifunda? Qagelani sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama **'umphako, uNono, uBathathe'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 4

- **Buza,** "Wenzani manje uNono? Ingabe ubani lo ongaphansi kwengubo?"
- **Babonise** amagama **'uKipi, ezifihle'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 5

- **Buza,** "Kwenzakalani la? Wenzani manje uBathathe? Ucabanga ukuthi bazovuka bonke abantwana bakaBathathe? Qagelani sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** igama **'uBathathe'** chaza ubani lowo.

Vula ikhasi 6

- **Buza,** "Kwenzakalani la? Ubani loya ongaphansi kwetafula? Usalikhumbula igama lomntwana kaBathathe? Qagelani sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama **'uBubu, ukukhonze, umacashelana'** chaza ubani lowo.

Vula ikhasi 7

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi bayaphi manje uKuku nabantwana bakhe? Ingabe ubanilo othwele isigqoko? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama **'isigqoko selanga, esiphuzi'** chaza kusho ukuthini.
- **Yisho,** "Sizogcina la namhlanje siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo."

Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
kwakuwubutatata	Ukwenza izinto ngokushesha
umphako	Ukudla okulungiselwe ukudliwa endleleni
ezifihle	Ukucasha ungafuni abantu bakubone
ukukhonze	Ukuthanda kakhulu ukwenza into ethile
umacashelana	Ukucashela abantu ukuze bangakutholi
isigqoko selanga	Isigqoko esikhulu esivikela ilanga
esiphuzi	Umbala ofana nobhanana

Esifundweni -2

- Bakhumbuze ngesihloko sencwadi **'Isasasa lemidlalo'.**
- **Buza,** "Konje bekwenzakalani la sigcine khona?"
- **Babonise** la nigcina khona.

Vula ikhasi 7

- **Buza,** "Ubeyaphi uKuku nabantwana bakhe? Konje unjani umbala wesigqoko sikaChwane? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 8

- **Buza,** "Hayi bo! Uphetheni uKipi? Ingabe ikhala kanjani impempe? Uma ucabanga isihloko, ingabe uyishayelani impempe uKipi?"
- **Babonise** amagama **'impempe, akanake'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 9

- **Buza,** "Kwenzakalani manje? Ingabe kuyiwaphi? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** igama **'amachwane'** chaza kuyini.

Vula ikhasi- 10

- **Buza,** "Hayi bo! Sebenzani manje? Ingabe bacula uShosholoza?"
- **Babonise** isisho **'bajabule badelile'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi- 11

- **Buza,** "Ingabe seyiqalile imidlalo la? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** isisho **'injabulo nesasasa kwakubhalwe ebusweni'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi- 12

- **Buza**, "Kwenzekani lapha? Ingabe uthengisani lomuntu? Ucabanga ukuthi bazozithenga yini? Ingabe bazomthengela noChwane ngoba yena unaso esiphuzi? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** igama **'zaseMzansi'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 13

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi uzobathengela yini uKuku abantwana bakhe? Ingabe uzothenga ezingaki? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 14

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi uthini lomfana ngoba ephakamisa amavuvuzela? Ingabe ujabulile bazowathenga abangani nabantwana babo?"
- **Babonise** amagama '**umfanyana, anhlobonhlobo'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 15

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Ingabe uNono uzowathengela amavuvuzela amakati akhe amancane? Yini amakati amancane?"
- **Babonise** amagama **'amakati amancane, satshani, sasibhakabhaka'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 16 ne-17

- **Buza,** "Kwenzakalani la? Ingabe bonke bazopendwa yini? Bheka uChwane, wenzani manje? Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama **'laseNingizimu Afrika, laseBotswana'** chaza kuyini.

Vula ikhasi 18 ne-19

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Ingabe bathengisa ini la? Ingabe bazothenga yini uma ucabanga? Uyawazi yini amafulegi awamanye amazwe? Ingabe uKuku uzothenga elakuphi"
- **Babonise** amagama **'badudula, amazwe'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 20

- **Buza,** "Bayaphi manje oKuku nabantwana? Ingabe ikuphi kanti imidlalo yesasasa? Uphi uBathathe nabantwana bakhe?"

- **Babonise** amagama **'qalaza, beqe'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 21

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Ingabe baya kuphi? Ingabe indlu kabani leya? Konje bavuke ekuseni bathi bayaphi? Babeyoyibuka kuphi kanti lemidlalo yesasasa?"
- **Babonise** amagama **'etatazela, egcekeni'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Yisho, "Siyoqhubeka ngesikhathi esizayo sizwe ukuthi indaba yaphela kanjani."

Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
isasasa	injabulo
akanake	akabhekille
bajabule badelile	Bajabule kakhulu
injabulo nesasasa kwakubhalwe ebusweni'	Kwakubonakala ebusweni ukuthi bajabulile
badudula	befusha
amazwe	Ubuningi bezwe
zaseMzansi	Ezansi nezwe lase-Afrika
laseNingizimu	Ingxenye esezansi yezwe lase-afrika
qalaza	Ukubheka ngapha nangapha
beqe	Ukuhamba uye ngale ngaphesheya
etatazela	Ukwehla wenyuka usebenza
egcekeni	ebaleni

Esifundweni sesi-3

- **Kufundwa** incwadi **namuhla.**
- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'Isasasa lemidlalo'.**
- Bafundele isihloko sencwadi.

Vula ikhasi-1

- Bafundele imisho emi-2.
- **Buza,** "Iyiphi lemidlalo akhuluma ngayo uKuku? Ingabe bazovuka yini abantwana bakhe?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa olandelayo.**
- **Buza,** "Usakhumbula yini ukuthi babezoyibuka kuphi imidlalo?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuthi kwakuwubutatata?"

Vula ikhasi 2

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi ucashelani uChwane? Ingabe bavukile yini abantwana bakhe?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa olandelayo.**
- **Buza,** "Ucashe kuphi uChwane?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa olandelayo.**
- **Buza,** "Yini ayengayifuni uChwane?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuthi kwakuwubutatata?"

Vula ikhasi 3

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Wayebavuselani uNono abantwana bakhe?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Iyiphi lemidlalo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Kuyini umphako?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Yini angayifuni uNono? Qagela ukuthi bazovuka bonke yini ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 4

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Ucasheleni uPiki? Ingabe ucashe kuphi?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Wayezifihle ngani uKipi?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Yini ayengayithandi uKipi?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Wayecashelani uKipi? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 5

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Ingabe babavusa abantwana babo ekuseni?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Yini ababezoyigqoka uma ucabanga?"
- **Buza**, "Yini ayeyilungisa uBathathe?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Yini ababevumelene ngayo? Qagela ukuthi sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 6

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Ubani lo mntwana ongekho? Ukwenzani ukwehla wenyuka?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Ingabe ucasheleni uBubu?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Yini ayikhonze kakhulu uBubu? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 7


- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Babeyaphi uKuku nabantwana bakhe?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Sinjani umbala wesigqoko sikaChwane?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**

- **Buza**, “Wayesigqokeleni isigqoko selanga?”
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, “Kungani ayengasithandi isigqoko uChwane? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?”


Basize ngesu leminwe emihlanu uma behlangana negama abangalazi:



Isithupha – Shiya igama ongalazi bese ufunda umusho wonke.




Umunwe wokukhomba – Buka isithombe kanye nesihloko.



Umunwe ophakathi – Zibuze; ikhona ingxenye yegama ongakwazi ukuyifunda.



Umunwe wendandatho – Phimisa igama ngokwemisindo.



Ucikicane – Buza uthisha wakho ukuthi igama lisho ukuthini.

Esifundweni se-4

- Bakhumbuze isihloko sencwadi **'Isasasa lemidlalo"** nesu leminwe emihlanu.

Vula ikhasi 7

- **Buza,** "Sigcine kwenzakalani? Konje sithe yini eyayenza ukuthi angasithandi isigqoko uChwane? Qagelani ukuthi sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 8

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Bayaphi uNono nabantwana bakhe?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ingabe uyishayelani impempe uKipi?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Yini abanye bevale izindlebe?'
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Yini ayeyijahile uKipi engasakwazi nokulinda? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 9

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Ingabe kuyiwa kuphi?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Kuyini umphako?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Kudla kuni lokhu ababezokujabulela bonke, uma ucabanga? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 10

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuthi yalibhekisa kwaBathathe?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kungani bejabule bedelile?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emibili elandelayo.**
- **Buza**, "Lisho ukuthini leli culo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Wenzenjani wena uma ujabule kakhulu? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 11

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Babedlala ingani uma ubheka isithombe?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Babelenze njani ibhola?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ikhalelani impempe kaKipi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho elandelayo.**
- **Buza**, "Yini isasasa? Kungani babehluleka nokuzibamba? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho,** "Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo sizwe ukuthi bafika benzani kwabathathe."

Basize bakwazi ukuphendula imibuzo emayelana nendaba.

Umsebenzi

Qondanisa imibuzo nezimpendulo ezifanele.

Imibizo	Izimpendulo
Sithini isihloko sendaba?	UBathathe
Sithini isisusa sendaba?	Ngenkathi eyadlula
Ubani umlingiswa osemqoka?	Sithi 'Isasasa lemidlalo'
Yenzeka nini lendaba?	Babefuna ukuyobuka imidlalo

Esifundweni se-5

- Bakhumbuze isihloko sencwadi '**Isasasa lemidlalo**' nesu leminwe emihlanu.

Vula ikhasi 11

- **Buza,** "Sigcine kwenzakalani? Kwakwenziwa yini bahluleke nokuzibamba? Qagelani ukuthi sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 12

- **Bafundele** imisho emi-3.
- **Buza**, "Yayidayisani indoda? Kungani bethi ezaseNingizimu Afrika?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ingabe bazomthengela uChwane isigqoko noma enaso esiphuzi? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 13

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Afunani amachwane njengoba ephushana nje?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe anayo yini imali amachwane?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi obani ababezothengelwa?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ezikabani lezi zigqoko ezimbili? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 14

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi bazowathenga yini amavuvuzela?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Injani lemibala enhlobonhlobo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi bazothenga amancane noma amakhulu?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Umemezelani umfana ukuthi nawa amavuvuzela? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 15

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Ingabe bafuna amakhulu noma amancane?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Mangaki amavuvuzela athengwa uNono? Ayemakhulu noma mancane? Ayemibala enjani?" Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 16

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Elaliphi izwe leli fulegi abalidwebile?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe bazokhokha yini?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi ufunani uChwane esikhwameni?" Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 17

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Ubani othanda ukulinda emugqeni? Ingabe kuyinto elula?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Wena wawungadweba elakuphi ifulegi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Injani imibala yefulegi laseBotswana? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 18

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Kungani bedudula indoda ethengisa izikibha?"
- **Bakhumbuze** igama '**badudulana**'.
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3 elandelayo.**

- **Buza,** "Imaphi amafulegi amazwe owaziyo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Yiliphi elaseNingizimu Afrika? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 19

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Ingabe wayethengela bani uKuku isikibha?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe uKuku uzomthengela yini uBathathe isikibha? Ucabanga ukuthi uzomthengela esakuliphi izwe?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kungani amthengela elase- Spain? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 20

- **Akufunde omunye umfundi umusho 1.**
- **Buza,** "Bakhathaliswe yini uma ucabanga?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kukuphi la kwakufanele bafike khona? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo? Ingabe izophela kanjani indaba?"

Vula ikhasi 21

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Base bezofika kuphi oNono?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Babejabuliswa yini abantwana?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho 1.**
- **Buza,** "Kungani ayetatazela uBathathe?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Bagijimela kuphi? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo? Ingabe izophela kanjani indaba?"

Vula ikhasi 22

- **Akufunde omunye umfundi umusho 1.**
- **Buza,** "Yini eyayibakhathazile?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe babejabuliswe yini?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kungani bejahe ukuthi kuse?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kwakuyini umkhuba wabo omuhle?"
- **Yisho,** "Sizogcina la namuhla. Siyoqhubeka ngesikhathi esizayo sidlale umdlalo ngendaba."

Basize abafundi bakwazi ukuphendula imibuzo yesifundo sokuqondisisa.

Babeya kuphi uNono noKuku nezingane zabo?

Yini abayithenga endleleni eya kwaBathathe?

Ingabe bamthengela ini uBathathe?

UBathathe yena yini ayematasatasata?

Yini eyayibajabulisa?

Umsebenzi

Qondanisa imibuzo nezimpendulo ezifanele.

Imibizo	Izimpendulo
Babeya kuphi uNono noKuku nezingane zabo?	Wayelungiselela ukubuka imidlalo yama-Olimpiki
Yini abayithenga endleleni eya kwaBathathe?	Babejabuliswa ukuba ndawonye babuke wezemidlalo
Ingabe bamthengela ini uBathathe?	Babeya emzini kaBathathe
UBathathe yena yini ayematasatasa?	*isikibha*
Yini eyayibajabulisa?	Bathenga izigqoko zelanga, amavuvuzela nezikibha

Esifundweni 6

Bakhumbuze isihloko sendaba kanye nokulandelana kwezigameko.

- **Yisho,** "Namuhla kudlalwa umdlalo ngendaba."
- **Buza**, "Obani abazoba abalingiswa, uNono, uKuku, noBathathe?"
- **Buza,** "Ubani ozoba izingane zikaNono, zikaKuku nezikaBathathe?"
- **Buza,** "Ubani ozoba uChwane, uKipi kanye noBubu?"
- **Buza,** "Ubani ozothengisa amavuvuzela, ozothengisa izikibha, ozothengisa izigqoko kanye nozodweba amafulegi?"
- **Buza**, "Ubani ozoxoxa indaba?"
- **Yisho,** "Abanye basiza abalingiswa."

Awuqaleke umdlalo. Basize uma bengasakhumbuli ukulandelana kwezigameko.

Umsebenzi

Phendula imibuzo elandelayo.

Imibuzo	Izimpendulo
Ubani umlingiswa osemqoka?	
Sifundo sini esisithola kulendaba?	
Obani abanye abalingiswa?	
Yini isisusa sendaba?	
Yini isiphetho sendaba?	
Sithini isihloko sendaba?	

Isihloko sencwadi ‘Abasubathi baseMzansi’ Izinga lesi-2

Ukulungiselela isifundo

Yiba nekhadi elinesihloko sencwadi.

Abasubathi baseMzansi

Yiba nalawa makhadi amagama amasha namagama asetshenziswe kaningi.

Amagama amasha	Amagama asetshenziswe kaningi
abasubathi	uNono
baseMzansi	uKuku
njo	uBathathe
uMongameli	uChwane
izihambeli	abantwana
enkulukazi	eMzansi
Besitha/ niyasisitha	eNingizimu
kuthetha	dansa
sikelela	
lusapho	
womdabu	
beshwashwatha	
exhensa	
imvunulo	
bangamanono	
bayaqholosha	
eviliyela	
ujabulile uyafa	
izembatho	
umqhudelwano	
ozishaye zaphelela	
babezozimbandakanya	
wekhilikithi	
wayenanelwa	

Esifundweni soku- 1

- **Xoxa** ngekhava yencwadi.
- **Buza,** "Nibonani? Kwenzekani? Nisayikhumbula incwadi yesi-3 esiyifundile? Babezobuka ini? Awakuphi lamafulegi?"
- **Chaza,** "Lencwadi iyaqhubeka kule yesi-3 esiyifundile."
- **Yethula** isihloko sencwadi: **'Abasubathi baseMzansi'.**
- **Babonise ikhadi lesihloko:**

Abasubathi baseMzansi

- **Buza,** "Qagela izokhuluma ngani lencwadi? Kungani usho kanjalo?"

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** "Le incwadi yesi-4 kuleli zinga lesi -2, zikhona ezinye ezi-2 esizozifunda uma siqeda le."

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** "Yabhalwa abakwa- Shuter & Shooter Kwazulu Natal, incwadi yabhalwa ngo-2020 babonise nenombolo yencwadi i-ISBN."

Vula ikhasi 1

- **Buza, "**Kwenzakalani la? Ingabe bakuphi futhi babukela ini? Ingabe uthini uKuku?"
- **Babonise** igama **'kwetende'** chaza kuyini.
- **Buza,** "Ubani othanda ukuvuka ekuseni? Ucabanga ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 2

- **Buza,** "Wenzani uNono? Ingabe wenzela bani ukudla? Ingabe kudla kuni lokhu?"
- **Babonise** amagama **'eyosiwe, nelazani'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 3

- **Buza,** "Kwenzakalani manje kumabonakude? Ingabe usuqalile yini umdlalo uma ucabanga? Yini le evelayo? Qagelani sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama **'njo, uMongameli, izihambeli, enkulukazi'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 4

- **Buza,** "Ubani lo ophakamisa izandla? Ucabanga ukuthi uthini kuzibukeli? Kwenzakalani manje enkundleni yezemidlalo? Benzani laba bantu nalo oshaya isigubhu? Qagelani sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama **'enkundleni, izifundazwe'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 5

- **Buza,** "Kwenzakalani la? Wenzani manje uBathathe? Ucabanga ukuthi bazovuka bonke abantwana bakaBathathe? Qagelani sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** igama **'uBathathe'** chaza ubani lowo.

Vula ikhasi 6

- **Buza,** "Kwenzakalani la? Zenzani izingane zikaNono phezu kwetafula? Usalikhumbula igama lomntwana kaNono? Ingabe uthini uNono kubo uma ucabanga? Qagelani sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** igama **'besitha, kuthetha,'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 7

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi elakuphi leli qembu elimile? Ingabe lithini iculo lesizwe sabo? Konje lithini elaseNingizimu Afrika? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama **'sikelela, lusapho'** chaza kusho ukuthini.
- **Yisho,** "Sizogcina la namhlanje siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo."

Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
njo	Ukubuka into ungasusi amehlo
uMongameli	Umholi wezwe
izihambeli	Abantu abafikile endaweni ethile bezovakasha
enkulukazi	Into enkulu kakhulu
Besitha/ niyasisitha	Ukuvimba umuntu ukuthi angaboni into ayibukayo
kuthetha	Ukukhulumela phezulu ngolaka
sikelela	ukunakekela
lusapho	abantu

Esifundweni -2

- Bakhumbuze ngesihloko sencwadi '**Abasubathi basemzansi'.**
- **Buza,** "Konje bekwenzakalani la sigcine khona?"
- **Babonise** la nigcina khona.

Vula ikhasi 7

- **Buza,** "Elakuphi leli qembu? Konje lithini iculo lesizwe? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 8

- **Buza,** "Hayi bo! Sengathi sebemile ngezinyawo manje, ingabe sekwenze njani? Ubani okwazi amagama eculo lesizwe?"
- **Babonise** amagama '**bajoyina, beshwashwatha'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 9

- **Buza,** "Kwenzakalani manje? Ingabe zilidonselani iphepha izingane zikaBathathe? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** igama **'babanga'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi- 10

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi uthini uBathathe manje ezinganeni zakhe? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** igama **'wabaphuca, ngizonihlukanisela'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 11

- **Buza,** "Ingabe seyiqalile yini imidlalo manje? Elakuphi leli fulegi eliphambili? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** igama **'ephephezelisa'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 12

- **Buza**, "Kwenzekani lapha? Ingabe elakuphi leli qembu? Ubona ngani? Bagqoke kanjani? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** igama **'izihlwele, bevayiza'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 13

- **Buza,** "Hayi bo! Kwenzakalani manje la? Ingabe bajabulile noma bayabaleka? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** igama **'beziqhenya'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 14

- **Buza,** "Kwenzakalani manje? Ingabe owakuliphi izwe lo odansayo, usho ngani?"
- **Babonise** amagama '**womdabu waseNdiya, wayekhangisa'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 15

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Ingabe owasiphi isizwe lo odansayo? Ubani owazi umdanso wesizwe sakhe?"
- **Babonise** amagama **'exhensa, imvunulo'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 16

- **Buza,** "Kwenzakalani la? Ingabe owasiphi isizwe lo? Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama **'bangamanono, bayaqholosha'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 17

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Ingabe owakusiphi isizwe lo? Yini ayiphethe?"
- **Babonise** amagama **'eviliyela, ujabulile uyafa'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 18

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Ingabe owakusiphi isizwe lo? Yini ayigqokile futhi uyibambelani ingbo yakhe?"
- **Babonise** amagama **'weBhunu, izihlwele'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 19

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Ingabe owakusiphi isizwe lo? Yini ayembethe?"
- **Babonise** amagama **'izembatho, umqhudelwano'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 20

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Ingabe owakusiphi isizwe lo? Yini ayigqokile?"
- **Babonise** isisho **'ozishaye zaphelela'** igama **'babezozimbandakanye'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 21

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Ingabe owakusiphi isizwe lo? Yini ayiphethe?"
- **Babonise** amagama **'wekhilikithi, wayenanelwa'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Yisho, "Siyoqhubeka ngesikhathi esizayo sizwe ukuthi indaba yaphela kanjani."

Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
womdabu	Uzalwa kulelozwe
beshwashwatha	Ukusho into engazwakali amagama
exhensa	Ukugida kwamaXhosa
imvunulo	Izimpahla zesizwe
bangamanono	bahlanzekile
bayaqholosha	Bayagxuma
eviliyela	Ukugijima sakudansa
ujabulile uyafa	Ukujabula kakhulu
izembatho	Izimpahla zesizwe esithile
umqhudelwano	Yilapho abantu bebonisa amakhono abo
ozishaye zaphelela	Ufake zonke zesizwe sakhe
babezozimbandakanye	Babezohlanganyela ndawonye
wekhilikithi	Umdlalo webhola lokuphosa
wayenanelwa	Ukwenza umusindo ngasemuva

Esifundweni sesi-3

- Kufundwa incwadi namuhla.
- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'Abasubathi basemzansi'.**
- **Bafundele** isihloko sencwadi.

Vula ikhasi-1

- Bafundele imisho emi-2.
- **Buza,** "Ukuhlala kanjani ukuhlala ngokwemindeni yabo? Ingabe bazoziphatha kanjani izingane zabo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa olandelayo.**
- **Buza,** "Obani omagangane babo? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 2

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Konje kuthiwa yini ukudla okwakuphethwe uNono ekulungise esuka ekhaya?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Yini oyithandayo kulokhu kudla okubekwa uNono? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Bakhumbuze** igama **'ilazani'.**

Vula ikhasi 3

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza**, "Kusho ukuthini ukuthi amehlo ayesethe njo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Yini izihambeli nezibukeli?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Enjani ithelevishini enkulukazi? Ingabe izoqala kanjani imidlalo? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 4

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Iyiphi imicimbi oyaziyo yokuvula ezemidlalo?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Bameleni bonke ngezinyawo? Kuyini isasasa?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Yini izifundazwe? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 5

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Kusho ukuthini ukuthi inkundla yayigcwele phama?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Yini izihlwele futhi kusho ukuthini ukunandisa?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho elandelayo.**
- **Buza**, "Lithini iculo lesizwe? Kungani kufanele sime uma sicula iculo lesizwe? Qagela ukuthi sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 6

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza**, "Kusho ukuthini ukulingisela? Ingabe ayelingisa ini amakati?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Uthethelani uNono? Ukwenzani ukusitha umuntu? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"


Vula ikhasi 7

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Kusho ukuthini ukuphakamisa uphondo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Kusho ukuthini ukuthi sikelela thina lusapho lwayo?"
- **Yisho,** "Sukumani sicule icule lesizwe.


Basize ngesu leminwe emihlanu uma behlangana negama abangalazi.



Isithupha – Shiya igama ongalazi bese ufunda umusho wonke.




Umunwe wokukhomba – Buka isithombe kanye nesihloko.



Umunwe ophakathi – Zibuze; ikhona ingxenye yegama ongakwazi ukuyifunda.



Umunwe wendandatho – Phimisa igama ngokwemisindo.



Ucikicane – Buza uthisha wakho ukuthi igama lisho ukuthini.

Esifundweni se-4

- Bakhumbuze isihloko sencwadi **'Abasubathi basemzansi'** nesu leminwe emihlanu.

Vula ikhasi 7

- **Buza,** "Sigcine kwenzakalani? Konje sithe lithini iculo lesizwe? Qagelani ukuthi sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 8

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Ukwenzani ukujoyina iculo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ingabe wena uyawazi yini onke amagama eculo lesizwe?"
- **Bakhumbuze** igama **'beshwashwatha'**.
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 9

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Kukhona yini into owake wayibanga nomunye umuntu?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Kuhle yini ukubanga ukudla?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 10

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Ingabe uthethelani uBathathe?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukubaphuca?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi baneliseka bobabili emuva kokubahlukanisela? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 11

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Liphephezeliswa kanjani ifulegi?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Linjani ifulegi laseMzansi?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Zase zikhathazwa yini izingane?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho elandelayo.**
- **Buza**, "Kungani izingane sezikhathele ukubuka? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho,** "Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo sizwe ukuthi angcina edlalile yini amaqembu."

Basize bakwazi ukuphendula imibuzo emayelana nendaba.

Umsebenzi

Qondanisa imibuzo nezimpendulo ezifanele.

Imibizo	Izimpendulo
Sithini isihloko sendaba?	UBathathe
Sithini isisusa sendaba?	Sithi 'Abasubathi baseMzansi'
Ubani umlingiswa osemqoka?	Babefuna ukubuka imidlalo bendawonye
Yenzeka nini lendaba?	Ngenkathi eyadlula

- Bakhumbuze isihloko sencwadi **'Abasubathi baseMzansi'** nesu leminwe emihlanu.

Vula ikhasi 11

- **Buza,** "Sigcine kwenzakalani? Kwakwenziwa yini ukuthi izingane zikhathale? Qagelani ukuthi sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 12

- Bafundele imisho emi-2.
- **Buza**, "Iziphi izizwe ezikhona eMzansi Afrika?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Kuyini izihlwele?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ulivayiza kanjani ifulegi? Nikeza omunye ifulegi alivayizise."
- **Buza,** "Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 13

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Bajabuliswa yini manje? Kwenziwa yini bazizwe beziqhenya?" Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** igama **'beziqhenya'.**

Vula ikhasi 14

- **Akufunde omunye umfundi** umusho owodwa.
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuthi owomdabu waseNdiya? Kuyini usari?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Mdlalo muni ayewuzele?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi bazothenga amancane noma amakhulu?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukukhangisa? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 15

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Kuyini imvunulo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Yini ukuxhensa?"
- **Babonise** amagama, '**ukunxensa, imvunulo'**
- **Buza,** "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 16

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Agqokani amaSwati?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Yini uphaphe?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ukuba njani ukuba inono nokuzethemba? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama **'bangamanono, bayaqholosha'**

Vula ikhasi 17

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Ukwenza njani ukuviliyela? Ake uviliyele sibone."
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ubani okwazi ukugiya? Ake ugiye sengathi uphethe ihawu nomkhonto."
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuthi ujabule uyafa? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Bakhumbuze** amagama **'eviliyela, egiya'**.

Vula ikhasi 18

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Umbala onjani okhakhi?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kuyini izihlwele?"
- **Bakhumbuze** igama **'izihlwele'**
- **Buza,** "Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 19

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Agqoka kanjani amaNdebele?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kuyini umqhudelwano? Imuphi umdlalo owawuzongenelwa amaNdebele? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Bakhumbuze** amagama **'izembatho, umqhudelwano'.**

Vula ikhasi 20

- **Akufunde omunye umfundi umusho 1.**
- **Buza,** "Kuchaza ukuthini ukuthi uzishaye zaphelela?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuzibandakanya? Yimuphi umdlalo owawuzongenelwa abeTswana?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo? Ingabe izophela kanjani indaba?"

Vula ikhasi 21

- **Akufunde omunye umfundi umusho 1.**
- **Buza,** "Niyawazi amaKhoyisana?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Udlalwa kanjani umdlalo wekhilikithi? Yimuphi umdlalo owawuzongenelwa amaKhoyisana?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ubani owake wabona umdanso wamaKhoyisana?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- Bakhumbuze amagama '**eyoKhoyisana, wekhilikithi**'.
- **Buza,** "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo? Ingabe izophela kanjani indaba?"

Vula ikhasi 22

- **Akufunde omunye umfundi umusho 1.**
- **Buza,** "Isiphi isizwe esangena ekugcineni?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "AmaVenda asezongenela muphi umdlalo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuziqhayisa?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Zingaki izizwe esizibonile la? Ingabe usakhumbula ukuthi imiphi imidlalo eyayizongenelwa yileso naleso sizwe?"
- **Yisho,** "Sizogcina la namuhla. Siyoqhubeka ngesikhathi esizayo sidlale umdlalo ngendaba."

Basize abafundi bakwazi ukuphendula imibuzo yesifundo sokuqondisisa.

Umsebenzi

1. **Phendula imibuzo elandelayo.**
   Babenzani emzini kaBathathe?

   _____

   Zazikhathaliswa yini izingane?

   _____

2. **Khetha umdlalo wesizwe ngasinye.**


   AmaZulu> ukugiya/ ukujikijela

   AmaKhoyisani> ikhilikithi/ umdanso

   AmaBhunu > Amabhayisikili/ umculo

3. **Gcwalisa uqedele ngemibala engekho.**
   Yisho imibala yefulegi laseMzansi Afrika: Phuzi; hlaza okotshani; hlaza okwesibhakabhaka; obomvu;_____; _____kanye no _____.

4. **Dweba ifulegi laseMzansi Afrika bese ufaka imibala.**



Esifundweni sesi-6

Bakhumbuze isihloko sendaba kanye nokulandelana kwezigameko.

- **Yisho,** "Namuhla sidlala umdlalo ngendaba."
- **Buza**, "Obani abazoba abalingiswa, uNono, uKuku, noBathathe?"
- **Buza,** "Ubani ozoba izingane zikaNono, zikaKuku nezikaBathathe?"
- **Buza,** "Ubani ozoba uChwane, uKipi kanye noBubu?"
- **Buza,** "Ubani ozoba uMongameli, abadansayo, abazocula iculo lesizwe, amaqembu aphephezelisa amafulegi, iqembu laseNingizimu Afrika, owomdabu waseNdiya, umXhosa, umSwati, umZulu, owomdabu weBhunu, umNdebele, umTswana, umKhoyisani kanye nomVenda?"
- **Buza**, "Ubani ozoxoxa indaba?"
- **Yisho,** "Abanye bazodlala izindawo ezimbili ngoba baningi abadlali kulendaba."

Awuqaleke umdlalo. Basize uma bengasakhumbuli ukulandelana kwezigameko.

Umsebenzi

Phendula imibuzo elandelayo.

Imibuzo	Izimpendulo
Ubani umlingiswa osemqoka?	
Sifundo sini esisithola kulendaba?	
Obani abanye abalingiswa?	
Yini isisusa sendaba?	
Yini isiphetho sendaba?	
Sithini isihloko sendaba?	

Isihloko sencwadi ‘Imidlalo iyaqhubeka’ Izinga lesi-2

Ukulungiselela isifundo

Yiba nekhadi elinesihloko sencwadi.

Imidlalo iyaqhubeka

Yiba nalawa makhadi amagama amasha namagama asetshenziswe kaningi.

Amagama amasha	Amagama asetshenziswe kaningi
isabuthene	uNono
kwakuthula kuthi du	uKuku
umlando	uBathathe
isikhathi sekhefu	uChwane
bapholile	izingane
izinga lokuwina	uNana
izinkomishi	imidlalo
imigexo	ibhola
sinenhlanhla	
ekhathazekile	
ngimpitsheke	
kukhononda	
bazikhokhela	
kuzoxhunyanwa	
lisimele	
bazilolonge	
Umdlalo oshubile	
ibhola lombhoxo	
amaphuzu	
wabachaza	
ngokushitshana	
ngokuzivocavoca	
kukhuza	
wokuklomelisa	

Esifundweni soku- 1

- **Xoxa** ngekhava yencwadi bese wethula isihloko sendaba.
- **Buza,** "Nibonani? Kwenzekani? Ingabe imuphi lomdlalo odlalwayo? Nisayikhumbula incwadi yesi-4 esiyifundile? Sagcina kwenzakalani enkundleni?"
- **Chaza,** "Lencwadi iyaqhubeka kule yesi-4 esiyifundile."
- **Yethula** isihloko sencwadi: **'Imidlalo iyaqhubeka'.**
- **Babonise** ikhadi lesihloko:

Imidlalo iyaqhubeka

- **Buza,** "Qagela izokhuluma ngani lencwadi? Kungani usho kanjalo?"

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** "Le incwadi yesi-5 kuleli zinga lesi -2, ikhona enye eyodwa esizozifunda uma siqeda le."

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** "Yabhalwa abakwa- Shuter & Shooter Kwazulu Natal, incwadi yabhalwa ngo-2020 babonise nenombolo yencwadi i-ISBN."

Vula ikhasi 1

- **Buza,** "Kwenzakalani la? Ingabe basendawonye babuka imidlalo uma ufunda isihloko?"
- **Babonise** igama nesisho **'isabuthene' 'kwakuthula kuthi du'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 2 ne-3

- **Buza,** "Zenzani izingane zabangani abathathu? Abangani bona benzani? Ingabe usuphelile umdlalo noma isikhathi sekhefu? Kudla kuni lokhu okubanayo?"
- **Babonise** amagama **'isikhathi sekhefu, bapholile'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagelani sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 4

- **Buza,** "Benzani abangani manje? Ingabe bakhuluma ngani uma ucabanga? Qagela sekuzokwenzakalali ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** igama **'umlando,'** chaza kuyini.

Vula ikhasi 5

- **Buza,** "Uyaphi manje uBathathe? Ucabanga ukuthi uthini kubantwana? Qagelani sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 6 ne-7

- **Buza,** "Kwenzakalani la? Usakukhumbula ukudla kwamakati? Ingabe baxoxa ngani njengoba bedla? Qagelani sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo uma beqeda ukudla?"
- **Babonise** igama **'izinga lokuwina, izinkomishi, imigexo'** chaza ubani lowo.
- **Yisho,** "Sizogcina la namhlanje siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo."

Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
isabuthene	Basahlangene ndawonye
kwakuthula kuthi du	Ukuthula kungabi bikho ngisho umsindo omncane
umlando	Izinto ezenzeka empilweni yomuntu noma yesizwe
isikhathi sekhefu	Isikhathi sokuphumula kancane
bapholile	Bashaywa umoya
izinga lokuwina	Kusho ukuwina ngokulandelana ubani odlule abanye
izinkomishi	Into ewinwayo efana nenkomishi
imigexo	Into yokuwinwa efakwa entanyeni eyigolide noma isiliva

Esifundweni -2

- Bakhumbuze ngesihloko sencwadi '**Imidlalo iyaqhubeka'.**
- **Buza,** "Konje bekwenzakalani la sigcine khona?"
- **Babonise** la nigcina khona.

Vula ikhasi 7

- **Buza,** "Bekuyisikhathi sani lesi ebebedla ngaso? Ingabe beseyiphelile imidlalo? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 8 ne-9

- **Buza,** "Hayi bo! Baphetheni manje? Ucabanga ukuthi bathini njengoba bephethe iglobhu yomhlaba mayelana nezemidlalo? Ubani lo onombala omhlophe?"
- **Babonise** amagama '**sinenhlanhla, ekhathazekile, ngimpitsheke, kukhononda'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 10 ne-11

- **Buza,** "Hayi bo! UNono uphetheni? Ingabe ubafundisa ini abantwana bakhe? Babukeka bejabulile noma bekhathazekile? Ubani owake walala ehhotela, ingabe wawuyaphi?"
- **Babonise** igama **'bazikhokhela'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Buza**, "Kwenzekani lapha? Yini le esencwadini? Ucabanga ukuthi bahamba ngani abantu uma beya ehhotela? Ulaleleni uNana manje? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** igama '**kuzoxhunyanwa'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 14

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi uthini uKuku ngoba ephakamisa amaphiko eme phezu kwetafula? Ingabe ujabulile noma ucasukile manje? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** igama '**ukucasuka'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 15

- **Buza,** "Hawu! Bayaphi manje? Ingabe sebeyobuka imidlalo futhi? Ucabanga ukuthi iliphi iqembu elizodlala manje emuva kwekhefu?"
- **Babonise** amagama **'lisimele, bazilolonge,'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 16

- **Buza,** "Kwenzakalani la? Mudlalo muni lo? Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo, yimuphi umdlalo olandelayo?"
- **Babonise** amagama **'umdlalo oshubile, owethenisi'** chaza kuyini.

Vula ikhasi 17

- **Buza,** "Kwenzakalani la? Mudlalo muni lo? Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo, yimuphi umdlalo olandelayo?"
- **Babonise** amagama **'ibhola lombhoxo, amaphuzu'** chaza kuyini.

Vula ikhasi 18

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Ingabe kuseyiwo umdlalo webhola lombhoxo? Sekwenzenjani manje ngoba sebelele phansi?"
- **Babonise** igama **'amaBhokobhoko'** chaza kuyini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo, yimuphi umdlalo odlalwayo?"

Vula ikhasi 19

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Mudlalo muni lo?" Ingabe umdlalo wokubhukuda?
- **Babonise** amagama **'wabachaza, ngokushitshana'** chaza kuyini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo, yimuphi umdlalo olandelayo?"

Vula ikhasi 20

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Mudlalo muni lona? Lenzani ikati manje? Ingabe ubani lomntwana kaNono uma ucabanga"
- **Babonise** igama **'ngokuzivocavoca, kukhuza'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo, yimuphi umdlalo ozodlalwa?"

Vula ikhasi 21

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Hawu! Ingabe sekuphelile? Zisho ukuthini izinombolo? Ingabe sebewinile njalo?"
- **Babonise** amagama '**wokuklomelisa, imigexo**' chaza kuyini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Yisho, "Siyoqhubeka ngesikhathi esizayo sizwe ukuthi indaba yaphela kanjani."

Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
sinenhlanhla	Ukuthi izinto zikuhambele kahle
ekhathazekile	Ukungabi nokuthula ucabanga
ngimpitsheke	Ukungabi nendawo eyanele
kukhononda	Ukungajabuli mayelana nento ethile
bazikhokhela	Ukuzibhadalela imali
kuzoxhunyanwa	kuzokhulunyiswana
lisimele	Ukwenza into wenzele abanye abantu njengeqembu lakho
bazilolonge	Ukuzilungiselela umdlalo
Umdlalo oshubile	Umdlalo onzima kakhulu
ibhola lombhoxo	irabhi
amaphuzu	imiklomelo
wabachaza	Ukujabulisa umuntu
ngokushitshana	Ngokunikezana amathuba
ngokuzivocavoca	ngokujima
kukhuza	Ukumisa umuntu uma enza into engafanele
wokuklomelisa	Wokunikeza abawinile imiklomelo
imigexo	Amamedali okuwina afakwa entanyeni

Esifundweni 3

- Sifunda incwadi namuhla.
- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'Imidlalo iyaqhubeka'**.
- **Bafundele** isihloko sencwadi.

Vula ikhasi 1

- Bafundele imisho emi-2.
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukubuthana? Ingabe imiphi imidlalo ezodlala?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuthula du?"
- **Buza,** "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 2

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Yini isikhathi sekhefu?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi mudlalo muni abawudlalayo?"

Vula ikhasi 3

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza**, "Ingabe wamsiza ngani uNono uKuku?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Kusho ukuthini ukuthi bahleli bapholile? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 4

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza**, "Ingabe umuphi lomlando akhuluma ngawo uBathathe?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ubani othanda ezemidlalo? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 5

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza**, "Kanti bekwenziwani isikhathi eside kangaka uma imidlalo ingakaqali?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Imuphi umudlalo ozoqala uma ucabanga? Qagela ukuthi sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 6

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Ingabe badla ukudla okufanayo?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Ubani owake wawina, watholani?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Imuphi umdlalo awaziyo uKipi? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 7

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Yini imiklomelo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Yimaphi amazinga okuwina?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ubani owake wawina inkomishi? Yini lomgexo abakhuluma ngawo? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"


Basize ngesu leminwe emihlanu uma behlangana negama abangalazi.



Isithupha – Shiya igama ongalazi bese ufunda umusho wonke.




Umunwe wokukhomba – Buka isithombe kanye nesihloko.



Umunwe ophakathi – Zibuze; ikhona ingxenye yegama ongakwazi ukuyifunda.



Umunwe wendandatho – Phimisa igama ngokwemisindo.



Ucikicane – Buza uthisha wakho ukuthi igama lisho ukuthini.

Esifundweni 4

- Bakhumbuze isihloko sencwadi **'Imidlalo iyaqhubeka'** nesu leminwe emihlanu.

Vula ikhasi 7

- **Buza,** "Sigcine kwenzakalani? Konje sithe babezothola ini abawinile? Qagelani ukuthi sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 8

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Ubani owake wezwa ngemidlalo yomhlaba, ibikuphi ngonyaka odlule?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Yini esakho isifundazwe?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Obani abazi isifunda saKwaZulu-Natali? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 9

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza**, "Ingabe bangakanani kanti abantu abeza kulemidlalo? Ubani uNana?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Kusho ukuthini ukumpitsheka?"
- **Bakhumbuze** igama **'ukukhononda'**
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 10

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Kusho ukuthi balala kuphi kanti uma ubheka ibhuku eliphethwe uNono?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukukhokhela indawo?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emibili elandelayo.**
- **Buza**, "Iziphi lezizindawo ezisezingeni eliphezulu uma ucabanga? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 11

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi bahamba ngani?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi yini ekhathaza uBubu? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 12

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Yini ababeyisebenzisa ukuya ezinkundleni zemidlalo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Wake wahamba ngebhasi? Wawuyaphi? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 13

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Ingabe uyazi bakhuluma luphi ulimi ePolokwane?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Wenzenjani uma ungalwazi ulimi lomunye umuntu? Ingabe uziginqelani uNana phansi?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuxhumana? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 14

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Ubani owazi isiPedi? Kubingelelwa kanjani?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukutolika? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Bakhumbuze** amagama **'abatolikayo, ukucasuka'.**

Vula ikhasi 15

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Sebeyaphi manje?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**

- **Buza,** “Kusho ukuthini ukumelwa iqembu?”
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, “Yini ukuzilolonga? Kusho ukuthini ukuthi bazokwenza ezibukwayo?”
- **Bakhumbuze** igama **‘ukuzilolonga’.**
- **Buza,** “Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?”
- **Yisho,** “Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo sizwe ukuthi yadlala kanjani imidlalo.”

Basize bakwazi ukuphendula imibuzo emayelana nendaba.

Umsebenzi

Qondanisa imibuzo nezimpendulo ezifanele.

Imibizo	Izimpendulo
Sithini isihloko sendaba?	Ngenkathi eyadlula
Sithini isisusa sendaba?	Babelindele ukuqala kwemidlalo ngesikhathi sekhefu
Ubani umlingiswa osemqoka?	Sithi ‘Imidlalo iyaqhubeka’
Yenzeka nini lendaba?	UBathathe

Esifundweni se-5

- Bakhumbuze isihloko sencwadi **'Imidlalo iyaqhubeka'** nesu leminwe emihlanu.

Vula ikhasi 15

- **Buza,** "Sigcine kwenzakalani? Yiliphi iqembu elalizokwenza ezibukwayo? Usho ngani? Qagelani ukuthi sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 16

- Bafundele imisho emi-3.
- **Buza**, "Kwaba yini umdlalo wokuqala? Kusho ukuthini ukuthi kwaba umdlalo oshubile?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ingabe baxhawulane lani abadlali? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 17

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Mudlalo muni umdlalo webhola lombhoxo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kuyini amaphuzu?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi wayethathwe yini uNono ngaleli qembu?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ligqoke yiphi imibala iqembu lase-Free State? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 18

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Uyawazi amaBhokobhoko?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Libizwa ngokuthiwa yini iqembu lesizwe sethu? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 19

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuchazwa umdlalo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Wake wawubona umdanso wasemanzini?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kungani ayewuthanda uBathathe lomdlalo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe umuphi umdlalo ozohamba phambili? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Bakhumbuze** amagama **'amabhokobhoko, ngokushitshana'.**

Vula ikhasi 20

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Ingabe onjani umdlalo wokuzivocavoca?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi yini indaba bewuthanda lomdlalo abantwana bakaNono?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ukwenzani ukulingisa?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe ugibelelani uKipi etafuleni?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe uNono umukhuzelani uKipi? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 21

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Yini umcimbi wokuklomelisa?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe yini lemigexo abakhuluma ngayo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kukuphi eGauteng? Ingabe lawina ini iqembu laseGauteng? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 22

- **Akufunde omunye umfundi umusho 1.**
- **Buza,** "Onjani umcimbi wokuvala ngokusemthethweni?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Umdlalo onjani osezingeni eliphezulu?"
- **Yisho,** "Sizogcina la namuhla. Siyoqhubeka ngesikhathi esizayo sidlale umdlalo ngendaba."

Basize abafundi bakwazi ukuphendula imibuzo yesifundo sokuqondisisa.

Umsebenzi

Qondanisa imibuzo nezimpendulo ezifanele.

Imibizo	Izimpendulo
1. Isiphi isikhathi abadla ngaso abangani nabantwana babo?	Umdlalo wokudansa emanzini.
2. Iliphi iqembu elawina?	Ngesikhathe sekhefu.
3. Ake ubale imidlalo ebikhona kuma-Olimpiki?	Iqembu laseGauteng.
4. Imuphi umdlalo owawuthandwa uBathathe?	*Ibhola lombhoxo; ibhola lethenisi; umadanso, ukuzivocavoca*

Esifundweni sesi-6

Bakhumbuze isihloko sendaba kanye nokulandelana kwezigameko.

- **Yisho,** "Namuhla kudlalwa umdlalo ngendaba."
- **Buza**, "Obani abazoba abalingiswa, uNono, uKuku, noBathathe?"
- **Buza,** "Ubani ozoba izingane zikaNono, zikaKuku nezikaBathathe?"
- **Buza,** "Ubani ozoba uNana, uKipi kanye noBubu?"
- **Buza,** "Obani abazodlala ibhola lombhoxo, lethenisi, umdlalo wokuzivocavoca nomdlalo wokudansa emanzini?"
- **Buza**, "Ubani ozoxoxa indaba?"
- **Yisho,** "Abanye bazoba abantu abaklomelisanayo."

Awuqaleke umdlalo. Basize uma bengasakhumbuli ukulandelana kwezigameko.

Umsebenzi

Phendula imibuzo elandelayo.

Imibuzo	Izimpendulo
Ubani umlingiswa osemqoka?	
Sifundo sini esisithola kulendaba?	
Obani abanye abalingiswa?	
Yini isisusa sendaba?	
Yini isiphetho sendaba?	
Sithini isihloko sendaba?	

Isihloko sencwadi ‘Imidlalo Yesigodi’ Izinga lesi-2

Ukulungiselela isifundo

Yiba nekhadi elinesihloko sencwadi.

Imidlalo Yesigodi

Yiba nalawa makhadi amagama amasha namagama asetshenziswe kaningi.

Amagama amasha	Amagama asetshenziswe kaningi
babungazwe	imidlalo
kuzindla	uJakalase
intatheli	umlimi
ibahalalisela	abantu
izindondo	imali
waceba	amaqembu
azuze	ibhola
izindodla	
umhlangano	
icebo	
Ukuba phezu kwamaqhinga	
kusempondo zankomo	
wavumela phezulu	
isikhindi	
baqaphela	
bajabha	
ngilinge	
nesizumbulu semali	
Bethathwa umsebenzi	
ngokukhulu ukuzimisela	
izihlwele	
i-*karate*	
Ibhola lomnqakiswano	

Amagama amasha	Amagama asetshenziswe kaningi
yokuzivocavoca	
Zazigcwele phama	
ezibiza ngempempe	
ejuluke emanzi	
bedinwa	
isiphithiphithi	

Esifundweni soku- 1

- **Xoxa** ngekhava yencwadi bese wethula isihloko sendaba.
- **Buza,** "Nibonani? Kwenzekani? Ingabe ubani lo? Nisayikhumbula incwadi yesi-5 esiyifundile? Iliphi iqembu elawina?"
- **Chaza,** "Lencwadi iyaqhubeka kule yesi-5 esiyifundile."
- **Yethula** isihloko sencwadi: **'Imidlalo Yesigodi'.**
- **Babonise** ikhadi lesihloko:

Imidlalo Yesigodi

- **Buza,** "Qagela izokhuluma ngani lencwadi? Kungani usho kanjalo?"

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** "Le incwadi yesi-6 kuleli zinga lesi -2, zikhona ezinye eziyisithupha ezisezingeni lesi-3 esizozifunda uma siqeda le."

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** "Yabhalwa abakwa- Shuter & Shooter Kwazulu Natal, incwadi yabhalwa ngo-2020 babonise nenombolo yencwadi i-ISBN."

Vula ikhasi 1

- **Buza,** "Kwenzakalani la? Ingabe ubani lo? Sake safunda ngaye kwenye yezincwadi ekhuluma ngoKuku nabangani bakhe, usamkhumbula? Wayenzani uJakalase?"
- **Babonise** amagama '**babungazwe, kuzindla, umabonakude'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 2 ne-3

- **Buza,** "Yini ayibonayo uJakalase kumabonakude uma ukhumbula incwadi esiyifundile ekhuluma ngezemidlalo? Ingabe babuza imibuzo kulaba abawinile?"
- **Babonise** amagama **'intatheli, ibahalalisela, izindondo, waceba, azuze, izindodla'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Manje ugxumelani uJakalase? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 4

- **Buza,** "Uyaphi manje uJakalase uma ucabanga? Uyababona abangani? Ingabe bayaphi uma ucabanga? Qagela sekuzokwenzakalali ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama **'umhlangano, icebo,'** chaza kusho ukuthini. Isisho '**Ukuba phezu kwamaqhinga**' chaza.

Vula ikhasi 5

- **Buza,** "Ingathi banomhlangano, ingabe owani? Ucabanga ukuthi bakhuluma ngani abangani noJakalase? Wenzani uKuku, ingabe uyawushiya umhlangano? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 6 ne-7

- **Buza,** "Uyaphi manje uJakalase? Sebeyephi abangani abathathu? Ingabe umemeza bani manje uJakalase? Ucabanga ukuthi bazoza yini abantu bamlalele? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo uma beqeda ukudla?"
- **Yisho,** "Sizogcina la namhlanje siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo."

Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
babungazwe	Bajatshulelwe babukwe yiwo wonke umuntu
kuzindla	Kucabangisisa
intatheli	Umuntu osebenza ukuthola izindaba bese ezazisa umphakathi wonke
ibahalalisela	ibabongela
izindondo	Imiklomelo yokuwina
waceba	wahlela
azuze	Ukuthola into emuva kokwenza umsebenzi othile
izindodla	Into eningi kakhulu

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
umhlangano	Ukubiza abantu nizokhuluma ngento ethile
icebo	Umcabango omuhle ofika emqondweni
Ukuba phezu kwamaqhinga	Ukuba nomcabango wakho wedwa bese ufaka abanye abantu kodwa ungabatsheli konke okucabangayo

- Bakhumbuze ngesihloko sencwadi '**Imidlalo Yesigodi'.**
- **Buza,** "Konje bekwenzakalani la sigcine khona?"
- **Babonise** la nigcina khona.

Vula ikhasi 7

- **Buza,** "Ubememeza obani uJakalase? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 8 ne-9

- **Buza,** "Hayi bo! Unobani manje uJakalase? Ucabanga ukuthi bakhuluma ngani? Ingabe umulimi uzomlalela na?"
- **Babonise** amagama **'kusempondo zankomo, wavumela phezulu, isikhindi, umlimi'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 10

- **Buza,** "Hayi bo! Uyaphi manje uJakalase? Ingabe ujabulile yini?"
- **Babonise** igama **'bazojabha'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza, "**Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 11

- **Buza,** "Hayi bo! Wenzani manje uJakalase? Ingabe ubugunda kuphi utshani?"
- **Babonise** igama **'baqaphela'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 12

- **Buza**, "Kwenzekani manje? Yini le ayidwebayo futhi uyidweba kuphi? Uma ubheka amabhola ucabanga ukuthi bazokwenzani la? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** isisho **'bethathwa umsebenzi'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 13

- **Buza**, "Kwenzekani manje? Ingabe sekuwusuku lwemidlalo na? Uma ucabanga ingabe bazowina ini? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** isisho **'nesizumbulu semali'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 14

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi benzani manje kulomugqa oya etafuleni? Ingabe ujabulile noma ucasukile uJakalase? Usho ngani? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** igama **'ngilinge'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 15

- **Buza,** "Ingabe babhalisela ini laba uma ubheka indlela abagqoke ngayo?"
- **Babonise** amagama **'ngokhulu ukuzimisela, izihlwele,'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 16

- **Buza,** "Ingabe babhalisela ini laba? Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo, yimuphi umdlalo olandelayo?"
- **Babonise** igama **'*i-karate*'** chaza kuyini.

Vula ikhasi 17

- **Buza,** "Kwenzakalani la? Mudlalo muni abawubhaliselayo? Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo, yimuphi umdlalo olandelayo?"
- **Babonise** igama **'ibhola lomnqakiswano'** chaza kuyini.

Vula ikhasi 18

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Ingabe babhaliselani laba?"
- **Babonise** igama **'yokuzivocavoca'** chaza kuyini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 19

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Mudlalo muni lo?"
- **Babonise** isaga **'zazigcwele zithe phama'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo, yimuphi umdlalo olandelayo?"

Vula ikhasi 20

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Hayi bo! Uyaphi manje uJakalase nesaka lemali? Uphi umlimi manje? Ingabe bayambona ujakalase abantu uma ucabanga?"
- **Babonise** izaga **'ezibiza ngempempe, ejuluke emanzi'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo, yimuphi umdlalo ozodlalwa?"

Vula ikhasi 21

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Hawu! Ingabe umuphi umdlalo osenkundleni? Uphi uJakalase manje? Ingabe uhambile?"
- **Babonise** amagama **'bedinwa, isiphithiphithi'** chaza kuyini.
- **Buza,** "Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Yisho, "Siyoqhubeka ngesikhathi esizayo sizwe ukuthi indaba yaphela kanjani."

Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
kusempondo zankomo	Ekuseni kakhulu kusemnyama
wavumela phezulu	Ukushesha uvume ungabuzi nemibuzo
isikhindi	ibhulukwe elifushane
baqaphela	babhekisisa
bajabha	badumala
ngilinge	Angeke ayenze leyonto
nesizumbulu semali	Imali eningi kakhulu
Bethathwa umsebenzi	Ukulandela into eyinziwa umuntu noma ungasazi isizathu
ngokukhulu ukuzimisela	Ukuzinikele uma wenza into
izihlwele	Abantu abaning abahlangene ndawonye
i-*karate*	Umdlalo wokulwa ngokukhahlela nangezandla
Ibhola lomnqakiswano	Ibhola lezandla
yokuzivocavoca	Ukujima ngomzimba
Zazigcwele phama	Ukugcwala kakhulu
ezibiza ngempempe	Ukusebenzisa impempe ukusho umlayezo othile
ejuluke emanzi	Ukuphuma izithukuthuku kakhulu
bedinwa	becasuka
isiphithiphithi	Abantu abaningi abenza izinto ezahlukene endaweni eyodwa

Esifundweni sesi-3

- Kufundwa incwadi namuhla.
- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'Imidlalo Yesigodi'.**
- **Bafundele** isihloko sencwadi.

Vula ikhasi 1

- Bafundele imisho emi-2.
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukubungazwa? Ingabe imiphi imidlalo ayeyibuka uJakalase?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe uzindla ngani uJakalase? Ingabe kuhle lokhu akucabangayo?"
- **Bakhumbuze** igama **'kuzindla'**.
- **Buza,** "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 2

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Kuyini intatheli? Yayibahalalisela ngani?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kuyini izindondo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Zinjani izindondo ezazikhona? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 3

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza**, "Ingabe lithini lelisu elimfikelayo? Konje uJakalase waziwa njengesilwane esigangile noma esilungile?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ingabe yayiyinhle yini inhloso kaJakalase?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Yini izindodla ngezindodla zemali? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 4

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza**, "Ingabe bazolivuma yini leli cebo abangani abathathu uma ucabanga?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ufunani uJakalase ngoba enza imidlalo?
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ukwenzani ukuba phezu kwamaqhinga?"
- **Bakhumbuze** igama **'amaqhinga'**.
- **Buza,** "Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 5

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa**
- **Buza**, "Ingabe bayavuma na?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi uzoyeka yini uJakalase noma uzoqhubeka necebo lakhe? Qagela ukuthi sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 6

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Obani laba afuna ukubabiza manje?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Kungani esho kanje uJakalase? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 7

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Umemeza obani uJakalase?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Yini emcasulayo uJakalase?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ingabe uzovuma yini umlimi? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"


Basize ngesu leminwe emihlanu uma behlangana negama abangalazi.



Isithupha – Shiya igama ongalazi bese ufunda umusho wonke.




Umunwe wokukhomba – Buka isithombe kanye nesihloko.



Umunwe ophakathi – Zibuze; ikhona ingxenye yegama ongakwazi ukuyifunda.



Umunwe wendandatho – Phimisa igama ngokwemisindo.



Ucikicane – Buza uthisha wakho ukuthi igama lisho ukuthini.

- Bakhumbuze isihloko sencwadi **'Imidlalo Yesigodi'** nesu leminwe emihlanu.

Vula ikhasi 7

- **Buza,** "Sigcine kwenzakalani? Konje sithe wayesezoya kubani uJakalase necebo lakhe? Qagelani ukuthi sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 8

- **Bafundele umusho owodwa.**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi uzomlalela yini umlimi?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Kusho ukuthini ukuthi wayehlose?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Kusho ukuthini ukuvumela phezulu? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 9

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza**, "Kuyini isikhindi? Ingabe uzomsiza kanjani?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Kuyini ukuzilolonga?"
- **Bakhumbuze** igama **'isikhindi'.**
- **Buza**, "Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 10

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Kusho ukuthi bazojabha?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kungani ethi uJakalase uzobafundisa isifundo oBathathe? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 11

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Ulungiselani ezinkundleni? Ingabe ubatholile yini abantu abazodlala imidlalo?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuthi abantu baqaphela? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 12

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Ubani owake wabona imigqa efana nalena? Yayikuphi?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Awani lamabhola?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Yimuphi umsebenzi owawuthatha abantu? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 13

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Ingabe bazoza yini kulemidlalo oKuku nabangani bakhe uma ucabanga?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Imalini isizumbulu semali? Ucabanga ukuthi wayebeke malini umklomelo uJakalase? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 14

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Lalizodla ini leli qembu elibhalisayo uma ucabanga?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi babekhokha malini ukungenela umdlalo?
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Obani laba angeke abanike imali uJakalase? Ingabe usho abantu abazowina noma usho oBathathe? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 15

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Ubani owake wabukela umdanso? Wawukuphi?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho**

olandelayo.

- **Buza,** "Ubani ongakhomba umbala osasibhakabhaka?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza**, "Kuyini izihlwele?"
- **Bakhumbuze** igama **'izihlwele'.**
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe babezolithola yini isiliva? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho,** "Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo sizwe ukuthi yadlala kanjani imidlalo."

Basize bakwazi ukuphendula imibuzo emayelana nendaba.

Umsebenzi

Qondanisa imibuzo nezimpendulo ezifanele.

Imibizo	Izimpendulo
Sithini isihloko sendaba?	Ngenkathi eyadlula
Sithini isisusa sendaba?	UJakalase
Ubani umlingiswa osemqoka?	UJakalase wafisa ukuba naye ahalaliselwe ngenkathi ebuka umabonakude abantu behalalisela iqembu lesizwe
Yenzeka nini lendaba?	Sithi 'Imidlalo Yesigodi'

Esifundweni se-5

- Bakhumbuze isihloko sencwadi **'Imidlalo Yesigodi'** nesu leminwe emihlanu.

Vula ikhasi 15

- **Buza,** "Sigcine kwenzakalani? Babebhalisela muphi umdlalo laba? Qagelani ukuthi sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 16

- Bafundele imisho emi-2.
- **Buza**, "Bagqoka kanjani abadlali bekarati?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ukwenzani ukulingisela umuntu?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Bazolithola yini igolide abalifunayo? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 17

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Mudlalo muni umdlalo webhola lokunqakisana?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Uphi umbala oluhlaza satshani nophuzi?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ligqoka kanjani iqembu lesizwe? Yini igama leqembu lesizwe?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza**, "Ubani owake wabuka ibhola lomnqakiswano? Lalikuphi? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 18

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuzivocavoca?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Kungani babenza umdlalo wabo ngokucophelela?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi bazoliwina igolide? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 19

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuthi izihlwele zazigcwele zithe phama?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Usalikhumbula iculo elaliculwa ngesikhathi sezemidlalo? Lalithini?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Iliphi ifulege olaziyo kulawa owabonayo? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 20

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukujuluka ube manzi?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kungani ehla enyuka umlimi?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Hayi bo! Ubalekelani manje nemali? Kanti abadlali abazowina bazoyithola kanjani imali yabo? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 21

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Ingabe wayeseyephi uJakalase uma ucabanga?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Babethethelani manje abantu? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 22

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Ingabe bazoyithola yini imali kuJakalase?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Obani abasemnyango? Bafunani?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**

- **Buza,** "Bakwazi yini ukungena bathathe imali uma ucabanga? Wena wawungenze njani uma wawunguJakalase abantu besemnyango befuna imali? Wawungavula yini?"
- **Yisho,** "Sizogcina la namuhla. Siyoqhubeka ngesikhathi esizayo sidlale umdlalo ngendaba."

Basize abafundi bakwazi ukuphendula imibuzo yesifundo sokuqondisisa.

Umsebenzi

Qondanisa imibuzo nezimpendulo ezifanele.

Imibizo	Izimpendulo
1. Wayehlela imidlalo yani uJakalase?	Wayifaka esakeni
2. Ingabe kungumqondo omuhle yini ukuba uJakalase azihlelele yedwa imidlalo?	Imidlalo yesogodi
3. Wayeyiqoqa nobani imali yamaqembu?	Cha, ngoba uyaludinga usizo
4. UJakalase wayifaka kuphi imali?	Cha uzicabangela yena ufuna imali
5. Kungabe uJakalase uyabacangela yini abanye abantu?	Wayeyiqoqa yedwa

Esifundweni 6

Bakhumbuze isihloko sendaba kanye nokulandelana kwezigameko.

- **Yisho,** "Namuhla kudlalwa umdlalo ngendaba."
- **Buza**, "Obani abazoba abalingiswa, uJakalase, umlimi, uNono, uKuku, noBathathe?"
- **Buza,** "Ubani ozoba abantu abazongenela imidlalo?"
- **Buza,** "Obani abazodlala ibhola lokunqakisana, i*karate*, umdlalo wokuzivocavoca nomdlalo wokudansa?"
- **Buza**, "Ubani ozoxoxa indaba?"
- **Yisho,** "Abanye bazoba abantu bezihlwele/izibukeli."

Awuqaleke umdlalo. Basize uma bengasakhumbuli ukulandelana kwezigameko.

Umsebenzi

Phendula imibuzo elandelayo.

Imibuzo	Izimpendulo
Ubani umlingiswa osemqoka?	
Sifundo sini esisithola kulendaba?	
Obani abanye abalingiswa?	
Yini isisusa sendaba?	
Yini isiphetho sendaba?	
Sithini isihloko sendaba?	